**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Fundisisa kahle le miyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Inoveli | (35) |
| ISIQEPHU B: | Umdlalo | (35) |
| ISIQEPHU C: | Izindaba ezimfishane | (35) |
| ISIQEPHU D: | Izinkondlo | (35) |

4. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, kunoma yiziphi iziqephu ezimbili ezilandelayo (umbuzo OWODWA ESIQESHINI NGASINYE).

   ISIQEPHU A: INOVELI
   Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

   ISIQEPHU B: UMDLALO
   Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

   ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE
   Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

   ISIQEPHU D: IZINKONDLO
   Phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI ezibuziwe.

5. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.

6. Landela imiyalelo esekuqaleni KWESIQEPHU NGASINYE.

7. Bhala izinombolo kahle njengoba zibhaliwe kuleli phepha lemibuzo.

8. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

9. Indlela yokuhlela isikhathi encomekayo: Sebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-60 esiqeshini ngasinye.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

**OKUQUKETHWE:**

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

| **ISIQEPHU A: INOVELI**<br><br>**Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.** | | |
|---|---|---|
| **IZINOMBOLO ZEMIBUZO** | **AMAMAKI** | **IKHASI** |
| 1. *Ithemba Lami* | 35 | 5 |
| | | |
| 2. *Kusinda Kwehlela Endodeni* | 35 | 8 |
| | | |
| 3. *Umshado* | 35 | 11 |
| **ISIQEPHU B: UMDLALO**<br><br>**Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.** | | |
| 4. *Ababulali Benyathi* | 35 | 15 |
| | | |
| 5. *Icala Kaliboli* | 35 | 18 |
| | | |
| 6. *Isiko Nelungelo* | 35 | 21 |
| **ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE**<br><br>**Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihloliwe.** | | |
| 7.1 'Ilobolo' | 18 | 24 |
| | | |
| 7.2 'Lapho Kukhona Uthando' | 17 | 25 |
| **ISIQEPHU D: IZINKONDLO**<br><br>**Phendula imibuzo kuzona YOMIBILI kulesi siqephu.** | | |
| 8.1 'Ungumzali Onjani?' | 17 | 27 |
| | | |
| 8.2 'Kwamfaz'ongemama' | 18 | 28 |

**Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe ('Checklist'):**

| ISIQEPHU | IZINOMBOLO ZEMIBUZO | IMIBUZO EPHENDULIWE | THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE |
|---|---|---|---|
| **A: INOVELI** | 1–3 | 1 | |
| **NOMA** | | | |
| **B: UMDLALO** | 4–6 | 1 | |
| **NOMA** | | | |
| **C: IZINDABA EZIMFISHANE** | 7 | 1 | |
| **NOMA** | | | |
| **D: IZINKONDLO** | 8 | 1 | |
| **QAPHELA:** Qiniseka ukuthi uphendule imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela. | | | |

## ISIQEPHU A: INOVELI

## UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI* – LF Mathenjwa

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-A no-B) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA A

'Ngisho bengangishaya kuze kusale umndondo, ngiyobe ngilokhu ngime egameni elilodwa lokuthi ngiyakuthanda Nokulindela. Ngisho benganginqoba kodwa uthando lwami ngeke balunqobe. Ukuze ngiphephe kule mizaca, ngicela nkosazana **ufukamele umoya** wami, ube ngowami ngibe umbheki wakho.'

'Ungathi usehluleka ukuzibheka wena uthi uzokwazi ukuvikela mina? Musa ukudlala ngami wena mfokazi. Angizwani nhlobo neminqolo ehlala yethembele kwezinye izinsizwa uma iyodwa ingakwazi ukuzilwela.'

La mazwi kaNokulindela akhombisa ukuthi ukushaywa kukaZabalaza phambi kwakhe kwamlethela isigcwagcwa kwamephuca nesithunzi. 'Noma ungathini ntombazana ngiyohlala ngiyiphela endlebeni, uyoze ungizwe. Umoya wami awusoze wakuthola ukuphumula ngaphandle kwakho. Engikushiya nalo elokuthi izimbiza zakwethu zikulindile, uma kungenjalo ngiyoqoma ukufa mina uqobo lwami. Iqiniso lokuthi lapho ukhona **uhlezi emanzini** lingephikwe futhi ngingalifela. Uma ngehluleka mina izihlahla zizosebenza ngimfunge uZamekile kababa.'

'Ubobe uyazizwa ukuthi uyangisongela Zabalaza, futhi uma kuke kwavela mvelivelayo ngiyokwazi ukuthi nguwe ngoba uyangisongela emini libalele. Sengiyasola nokuthi nguwe ophonsa uSandanezwe ngoba ucabanga ukuthi uzongithola kanti phinde.' Washo uNokulindela washikizela nembiza yakhe.

'Uyazizwa ukuthi uyanginuka uthi ngiwumthakathi ntombazanendini? Khona manjalo futhi awungihloniphi ungibiza ngelikababa. Uyedelela ntombazanendini uye … zwa …' esho emsonta ingalo.

1.1 Ngubani igama lesesheli sikaNokulindela? (1)

1.2 Uhlobene kanjani uZabalaza noZamekile? (1)

1.3 UZabalaza wamsongela wathini uNokulindela? (1)

1.4 Kwalilimaza kanjani ikusasa likaZabalaza ukushaywa nguSandanezwe phambi kukaNokulindela ngokwalesi siqephu? (2)

1.5 Bhala izizathu EZIMBILI zikaZabalaza zokungafuni ukudela/ukuyeka ukushela uNokulindela ngokwalesi siqephu. (2)

1.6 Tomula umusho esiqeshini osikhombisa ukuthi uZabalaza washaywa ngenduku. (2)

1.7 Izenzo zomlingiswa onguNokulindela ziyahambisana nendawo yasemakhaya azalelwa kuyo. Sekela lo mbono ngephuzu ELILODWA. (2)

1.8 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo musho ongezansi sichaza ukuthini?

Iqiniso lokuthi lapho ukhona **uhlezi emanzini** lingephikwe futhi ngingalifela:

A Uyagodola
B Uyahlupheka
C Ufelwe
D Uthakathiwe (1)

1.9 Kwaba namphumela muni empilweni kaNokulindela ukuthandana nesoka elisebenza ezitimeleni zamanzi eThekwini? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.10 Chaza ngamaphuzu AMABILI isisusa sodweshu lwangaphandle olutholakala kulesi siqephu. (2)

1.11 Hlobo luni lwesifenqo oluqukethwe umusho olandelayo:

'… Ukuze ngiphephe kule mizaca, ngicela nkosazana **ufukamele umoya** wami, ube ngowami ngibe umbheki wakho.' (2)

1.12 Ngokucabanga kwakho umbono kaZabalaza wokuthi athole umakoti ozophekela umama wakhe ngoba esegugile, unawo yini umqondo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA B

'… Pho yiliphi idlozi elingavimbela izifiso ezinhle kanjena?'

'Asazi phela kodwa nakuba kungayi ngezifiso nezilokotho zabantu kodwa kulokhu nginethemba lokuthi kuzohamba ngokwezifiso zethu.'

'Amadlozi noSimakade ngeke benze ukuthi ubukhona babo sibungabaze.'

'Lisho uliphinde lelo. Mhlazane ngasinda, ngizimisele ukuwisa enkulu inkabi ngenze umsebenzi wokuzibongela kuMdali nakwabaphansi.'

Nakuba uNokulindela wayesengcono kodwa babungabonakali ubungcono kuSandanezwe. Into eyayilokhu imqinise ngamandla yikho ukudumba kwezimbilaphu okwase kwelekelelwa ukudumba kwayo yonke into eyindlala emzimbeni wakhe. Ngalesi sikhathi sengathi noNonkamfela wayesenqena ukusho ukuthi kuyamdida lokhu kufa ngoba esikhundleni sokuthi ancibilike wayeseya ngokuya ehusheka. Wayesengenwa nayiphika inhliziyo yokudla yona ingasekho. Ngendlela ayeseyiyo wawungafunga uthi unenyoka esiswini. UNonkamfela wayelokhu ebamba eyeka engasazi ukuthi yiwona muphi umuthi ozosebenza ngoba nasithondini asitholakali hleze inkinga yayizoxazululeka. Wayesenovalo naye lokuthi funa sithi siqambe sithi siyatholakala kube ukufa sekuhambe kakhulu. Lokhu kudumba kwezimbilaphu yikhona okwakumxaka kakhulu uNonkamfela ngoba nakuba wayeke ezwe ngekhubalo elinjalo kodwa lalinabantu balo abalelaphayo, yena nje wayengakaze alelaphe. Lesi sifo sasibonakala ukuthi umsuka waso uhambisana nazo lezi zimbilaphu.

Inhliziyo yokwethemba ayisheshanga yashabalala kuMfo kaMkhumane, wayelokhu ezitshela ukuthi kuzolunga, inqobo yikho ukuthi ngcono kuhlulekwe kuzanyiwe.

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha 

1.13 Xoxa ngesigameko esamisa nse ukwelashwa kukaSandanezwe nguNonkamfela. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.14 Qondanisa uhlu lwamagama AKUKHOLOMU A kanye nempendulo ehambisana nayo KUKHOLOMU B.

| **IKHOLOMU A** | **IKHOLOMU B** |
|---|---|
| 1.14.1 uZondiwe | A Ukanina kaZabalaza. |
| 1.14.2 uNomkhizo | B Wamukela abafikayo emzini kaNonkamfela. |
| 1.14.3 uFohlela | C Umzala kaSandanezwe. |
| 1.14.4 uNomgedla | D Udadewabo kaSandanezwe. |

(4 x 1) (4)

1.15 Fingqa ngamaphuzu AMABILI iqhaza elibanjwe nguMaNgiba ekukhuliseni le ndaba. (2)

1.16 Umbhali usikhethe kahle isihloko sencwadi yakhe. Fakazela lokhu ngalokho okwenzeka kuSandanezwe kulesi siqephu ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.17 Umbhali uphumelele ukuqamba umlingiswa onguZabalaza igama lakhe lahambisana nezenzo zakhe endabeni. Sekela ngephuzu ELILODWA. (2)

1.18 Uyavumelana yini nokuthi uSandanezwe wayesengasinda ekuguleni kwakhe? Sekela ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
**[35]**

## UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-C no-D) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

## ISIQESHANA C

Wajwayela-ke naye uManyoba kule femu eyayakha izindwangu. Evuka nezinsizwa zangakubo njalo. Wasebenza isikhathi esingangonyaka engumashanela. Kwathi nje engazelele ngelinye ilanga, wabizwa yinduna yathi uyafuneka ehhovisi likaNdabazabantu. **Wethuka kwabanda kwamancane**, wabuza: 'Sengenzeni nduna wangibizela ehhovisi likaNdabazabantu na?' Waphendula umfo kaNgobese wathi, 'Hhayi! Ungesabi wena kaPhakade **kagugi kafi**, uyotshelwa izindaba ezimnandi. Phela ndoda yamadoda lapha efemini uma uyotshelelwa emahhovisi amakhulu zisuke zimnandi. Asisheshe angaze athethe uNdabazabantu.' Nebala bashesha baze bayongena ehhovisi kunenjabulo novalo futhi ngoba engazi ukuthi kuzothiwa akenzeni elukhuni ngoba yena bekusemnandi eguduza yonke ifemu ezishanelela nje. Lwamshaya uvalo njalo engakakhulumi uNdabazabantu. Wathi engena nje, uNdabazabantu wathi, 'Siyabonana mfo kaMchunu,' waphendula ngenkulu inhlonipho le, 'Yebo! Siyabonana mnumzane.' Waphinda futhi uNdabazabantu wathi, 'Sengathi uthukile nje? Ungathuki awenze lutho. Ngikubizele izindaba ezimnandi. Uyabona lapha ndoda yamadoda, uma usebenza kahle, uyabongwa ikakhulukazi uma usebenza ngokuzikhandla ungalibali ukukhininda izindaba zangakini. Uyababona oDoda noMzikayise?' Esho abantu abaziyo. Abantu bangakubo futhi bakubo, behlukene ngoyise.

'Yebo! Ngibazi kakhulu. Sakhula nabo.' Aqhubeke uNdabazabantu. 'Kade bafika lapha efemini nawe uyazi, angithi?' Avume umfokaNomagoloqo.

| | | |
|---|---|---|
| 2.1 | Bhala umkhiqizo owenziwa kule femu asebenza kuyo uManyoba? | (1) |
| 2.2 | Wayesebenza kuphi uManyoba engakawutholi umsebenzi kule femu? | (1) |
| 2.3 | UManyoba nezinsizwa zangakubo bazalwa kuyiphi indawo? | (1) |
| 2.4 | Ngokwalesi siqephu yini eyayibangela ukuthi uManyoba abe nenjabulo kodwa ashaywe uvalo uma eya ehhovisi likaNdabazabantu? | (2) |
| 2.5 | Bhala isizathu ESISODWA esasishiwo nguManyoba sokungamfundisi uMirriam. | (2) |
| 2.6 | Tomula umusho esiqeshini ositshela ukuthi umuntu uthola isikhundla ngokuzimisela kwakhe kule femu. | (2) |
| 2.7 | Izenzo zomlingiswa onguMaNdlovu ziyahambisana nendawo yasemakhaya azalelwa kuyo. Sekela lo mbono ngephuzu ELILODWA. | (2) |

2.8 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo musho ongezansi sichaza ukuthini?

**Wethuka kwabanda kwamancane.**

A Ukushaywa uvalo kakhulu.
B Ukushaywa yintwabi.
C Ukushaywa ngamahloni.
D Ukushaywa ngenduku enkulu. (1)

2.9 Kwaba namphumela muni empilweni kaManyoba ukusebenza kwakhe eGoli? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.10 Chaza ngamaphuzu AMABILI isisusa sodweshu lwangaphandle olwaba khona phakathi kwamakhosikazi kaNtombela ngesikhathi eseshonile. (2)

2.11 Hlobo luni lwesifenqo oluqukethwe umusho olandelayo:

'Hhayi! Ungesabi wena kaPhakade **kagugi kafi**, uyotshelwa izindaba ezimnandi.' (2)

2.12 Ngokucabanga kwakho, umbono kaMjwayeli wokuthi bahlalise abazali babo ngokwehlukana ngoba nakhu sebegugile bengasakwazi ukuzondla, unawo yini umqondo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA D

Uma ephumela ngaphandle abantu bayamangala ukubona uyise wabantu abagwilike kangaka, abahlala bebahle ngaso sonke isikhathi, engcole ngalolu hlobo. Abanye babeze bazibuze ukuthi ngabe akaqambi yini amanga uma ethi unguyise wabo na. Bayambona futhi ukuthi lo muntu uya ngokuya eguga kube sengathi akasadli nakudla lapho ehlala khona.

Ngelinye ilanga ubaba ezihambela nje emgwaqeni bude buduze nalapho ehlala khona edolobheni laseThekwini, abonwe omunye umuntu ohlala ngalapho ehlala khona, ambingelele maqede bese ethi wamuzwa exoxa indaba yakhe, wasecabanga ukuthi amfundise ukudlala ilotho. Wabe esemcela ukuba ake afike kuyena. Lavuma-ke leli khehla, wayeselinika inombolo yomuzi wakhe. Ngemuva kwezinsuku ezine, babonana. Baxoxa. Bavumelane. Wameluleka ukuthi idlalwa kanjani ilotho nokuthi kusetshenziswa malini uma ufakela izinombolo ezingaki nokuthi idlalwaphi. Wabuye wamtshela ukuthi kuvulwa nini kuvalwe nini nezinsuku okudlalwa ngazo. Wambuza ukuthi wake wawadlala yini amahhashi, waphendula ngokuthi cha! Kwase kusho ukuthi kufanele adlale naye izinsukwana ezimbalwa aze afunde kahle impela.

Kwakwenzeka ahlale ebusuku ezibhalela noma ezifundela, uyothi engazelele kufike indodana izomtshela ukuthi ugesi uyakhokhelwa kudingeka alale ngoba izokhuphuka kakhulu imali kagesi okuzofanele bayikhokhe ngenxa yakhe.

2.13 Xoxa ngesigameko esisencwadini esabeka impilo kaManyoba engozini ngesikhathi ethi uyagoduka wase egcwalelwa itekisi. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.14 Qondanisa uhlu lwamagama AKUKHOLOMU A kanye nempendulo ehambisana nayo KUKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 2.14.1 uMjwayeli nomkakhe | A Akezwani nokuthandaza. |
| 2.14.2 umakoti kaFanyana | B Emzini kaMduduzi. |
| 2.14.3 eBergville | C Owathi uMaNdlovu uyathakatha. |
| 2.14.4 uMaNene | D Bacishe balunywa izinja. |

(4 x 1) (4)

2.15 Fingqa ngamaphuzu AMABILI iqhaza elibanjwe ngumfundisi ekukhuliseni le ndaba. (2)

2.16 Umbhali usikhethe kahle isihloko sencwadi yakhe. Fakazela lokhu ngalokho okwenzeka kuManyoba kulesi siqephu ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.17 Umbhali uphumelele ukuqamba umlingiswa onguThembalihle igama lakhe ngendlela ehambisana nezenzo zakhe endabeni. Sekela ngephuzu ELILODWA. (2)

2.18 Uyavumelana yini nokuthi umkhuba kankosikazi kaFanyana wokuhlukumeza uMaNdlovu wawungashintsha/wawungalungiseka? Sekela ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

**[35]**

**UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-E no-F) bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA E**

Umqondo wakhe ugcwele imicabango engapheli. Akukho nokuncane ukujabula emphefumulweni wakhe. Iphupho namanje usengalixoxa ukusuka nokuhlala. Akawanaki vele amaphupho, futhi akafuni nezincazelo zawo kodwa leli lanamuhla **linomkhuba phakathi**. Okuxaka kakhulu-ke futhi ukuthi nonina uphuphe lona leli phupho.

Ame athule du. Umqondo wakhe ugxile ephusheni. Kusobala ukuthi uyise ufuna ashade ngokushesha uBhekani. Ingani ephusheni umbuze kaningi ebuza umbuzo owodwa: 'Namanje awukafuni ukuganwa? Namanje awukafuni ukuthatha umfazi?' Uma ekhumbula kahle uBhekani sengathi uphendulile kodwa uyise wahwaqa, ekhombisa ukuthi impendulo ayimgculisi.

'Cha kuzofuneka ngiganwe.' Ukhuluma yedwa njalo uBhekani.
'Kodwa ngizoshada nobani?' wayezibuza lo mbuzo, impendulo wagcina engayitholanga. Umqondo wakhe wazulazula ethatha ebeka izintombi asake wathandana nazo. Wayethi uma ezifaka esikalweni, ezihlolisisa zonke zingafaneli ukumgana.

Bayanda manje abantu lapha okumelwe khona amatekisi. Nakhu sekufika intokazi ima eduze kukaBhekani. Athikaziseke emicabangweni yakhe. Abuke le ntokazi. Inhle. Imhlophe qwa. Izinwele lezi zilungiswe ngobunono obukhulu. Zinhle, zihlangene zikanywe kahle. Athi uma eyibhekisisa abone ubuhwanqa obuphuphuzelayo obucishe busikaze izihlathi. Kanti zinjani zona izihlathi! Ungafunga uthi azigcotshwa kodwa ziyapholishwa.

Ezwe sengathi uyathatheka uBhekani yile ntokazi. Ayibhekisise. Kuqhamuke elinye itekisi. Isondele kulo. Kuthiwe ligcwele.

3.1 Bhala iphupho elalihlupha uBhekani ngalobu busuku. (1)

3.2 Wabe eyaphi uBhekani njengoba wayesesitobhini sezinto zokuhamba? (1)

3.3 Ngubani igama lomngani kaBhekani ayesebenza naye? (1)

3.4 Kwabulimaza kanjani ubudlelwane bukaBhekani nomalume wakhe ukufuna ukushada noTholakele? (2)

3.5 Bhala isizathu sikaBhekani sokungaphumi nempendulo uma ecabanga intombi engamgana ngokwalesi siqephu. (2)

3.6 Tomula umusho esiqeshini osikhombisa ukuthi uTholakele uyazithanda. (2)

3.7 Izenzo zomlingiswa onguBhekani ziyahambisana nendawo azalelwa kuyo. Sekela lo mbono ngephuzu ELILODWA. (2)

3.8 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo mshwana ongezansi sichaza ukuthini?

Kodwa leli lanamuhla **linomkhuba phakathi**.

A Likhohlakele
B Liyajabulisa
C Liyaxaka
D Liyasabisa (1)

3.9 Kwaba namphumela muni empilweni kaTholakele ukuba ngumngani kaZenze? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.10 Chaza ngamaphuzu AMABILI isisusa sodweshu lwangaphandle olwaba khona phakathi kukaBhatomu noBhekani ngesikhathi uBhekani efica uBhatomu endlini kaTholakele. (2)

3.11 Hlobo luni lwesifengqo oluqukethwe umusho olandelayo:

Athi uma eyibhekisisa abone ubuhwanqa obuphuphuzelayo obucishe **busikaze izihlathi**. (2)

3.12 Ngokucabanga kwakho umbono kamalume kaBhekani wokuthi uBhekani kumele athole ulwazi olwanele ngemvelaphi kaTholakele ngaphambi kokuthi amlobole, unawo yini umqondo? Sekela impendulo yakho. (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA F

Bathi ukuhambisana kancane. Washeshe waxebuka uBhekani.
Uthe exebuka kwakuqhamuka uZenze. Wathi ukukhuluma noTholakele kancane, wanyamalala. UBhekani wabona ukuthi akasale eseyobhekana nebhubesi elingunina okungcono. Wadlula esitolo wathenga izintwana ezincanyana enzela ukutubuza amagabade kunina.
Uthe efika ekhaya wafica unina elele. Akaze amvusa. **Wacambalala** naye embhedeni ethi uphumuza ingqondo. Ayiphumulanga nokho ngoba wacabanga ngabantu ayekade ebabona. Miningi imibuzo eyayigcwele ekhanda likaBheki. UZenze lo uyisima kanjani? Le ntombazane yomlungu evakashela umuntu omnyama iyisima kanjani? INingizimu Afrika entsha siyibona ngamehlo lapha. Nokho-ke angingazihluphi ngazo zonke lezi zinto engizicabangayo. Okuhle ukuthi nje sesizwene noTholi.
Le micabango yamnamatha waze wafikelwa isihlwathi uBhekani. Waphupha kabi.
Uyise wayexosha intokazi eyayigqoke izinto ezimnyama ngomkhonto. Akayibonanga ukuthi yayingubani le ntokazi. Uthe ephaphama lapho walikhumbula iphupho waphatheka kabi kakhulu.
Uthe esacabanga ngaleli phupho wezwa unina esememeza:
'Usulele yini Bheki?'
'Chabo.'
'Vela lapha bo!'
Wasukuma uBhekani waqonda kunina. Wayazi ukuthi useyombuza ngoTholakele.
'Awukafuni ukwehlukana nomfelokazi namanje?' Ibindwe isidwa kuBheki. 'Ingani nanamhlanje kuthiwa ubumhlangabezile?'
'Mama, ake unginike ithuba ukuze ngikuphendule kahle. Okufanele ngikusho nokho ukuthi uma umuntu usumthandile konke okuseceleni akube kusabonakala. Uthando lwami lube lukhulu ngaphezu kobufelokazi bukaTholakele mama. Bengizomthanda engumfelokazi engesiye.'

3.13 Xoxa ngesigameko esisencwadini esenza umshado kaBhekani wama nse. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.14 Qondanisa uhlu lwamagama AKUKHOLOMU A kanye nempendulo ehambisana nayo KUKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 3.14.1 uBhatomu | A Wathi kuthiwa umakoti udla izidakamizwa. |
| 3.14.2 umama kaBhekani | B Wakhulelwa engashadile. |
| 3.14.3 uJazibomvu | C Unodlame. |
| 3.14.4 uLindiwe | D Wenza izibhamu ezingekho emthethweni. |

(4 x 1) (4)

3.15 Fingqa ngamaphuzu AMABILI iqhaza elibanjwe nguPamella ekukhuliseni le ndaba. (2)

3.16 Umbhali usikhethe kahle isihloko sencwadi yakhe. Fakazela lokhu ngalokho okwenziwa nguBhekani kulesi siqephu ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.17 Umbhali uphumelele ukuqamba umlingiswa onguLindiwe igama lakhe ngendlela ehambisana nezenzo zakhe endabeni. Sekela ngephuzu ELILODWA. (2)

3.18 Uyavumelana yini nokuthi umkhuba kaTholakele wokwenza ubugebengu wawusengashintsha/wawusengalungiseka? Sekela ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

## ISIQEPHU B: UMDLALO

## UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-G no-H) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

## ISIQESHANA G

*(Kuqala ukuhwalala. Kusendlini okuhlala kuyo uMbandlwa. UMbandlwa uvakashelwe nguDuma.)*

DUMA: Cha, ngiyezwa Mbandlwa. Bengicabanga ukuthi le nduna izohluleka ukuthola ibheyili. Ngendlela ochaza ngayo, imantshi cishe ibifanele ukumnika ibheyili. Noma kunjalo kodwa kuyacaca ukuthi ubudinga ummeli ngoba ubezokwazi ukuthi aphakamise elokwenqaba ibheyili ngezizathu ezimayelana nokuvikeleka kommangali. Akusenani-ke, useyitholile ibheyili. Okungijabulisayo yikho ukuthi ubuhlungu sebuze behla.

MBANDLWA: Wena uhambe kanjani eMgungundlovu?

DUMA: Mfo, ngiyile eMnyangweni. Bangemukele kahle kodwa bangeluleke ngokuthi bekufanele ngibikele ihhovisi likaMasipala kuqala ngisuke lapho ngasengibabela khona-ke kulelo hhovisi. Laphayana ngithole uSomlomo Womkhandlu. Ungethembisile impela ngokulusukumela lolu daba kodwa uthe, usacela kengimnike ithutshana.

MBANDLWA: *(Ngokunengwa)* Ithutshana lani futhi?

DUMA: *(Aphakamise izandla sakumisa uMbandlwa)* Yima! Yima! Mbandlwa. Phela ithutshana yisikhashana nje. Kodwa ngithe sengiphuma ngahlangana noMchunu oyikhansela. Yena utshengise ukunengwa ngalesi simo. Uthe amaphoyisa nawo angabamba iqhaza ngokuthi abe khona njalo uma ngifuna ukuhlangana nabantu ngaphandle kokuthikaziswa.

MBANDLWA: *(Amkhombe ngomunwe)* Uyabona-ke, lowo muntu unomqondo osheshayo. Indaba yethutshana iyidilayi. Thina asicele amaphoyisa aqaphele isimo uma sinomhlangano.

DUMA: Lalela phela. UMaShezi usephendukile wethuswe yisimo lesi sakho kanye nabafanyana abahambisana nenkosi, abadlule kwami badelela. Ngempela uyatwetwa manje. Uze wathi kungaba ngcono uma mina ngingazehlisa enkosini noma ngiyeke kwabukhansela lobu.

4.1 Bakuphi laba abaxoxayo? (1)

4.2 Ngubani okuthiwa uyimpohlo phakathi kwalaba abaxoxayo kulesi siqeshana? (1)

4.3 Yini eyayenza usayitsheni angamsoli kakhulu uDlamini ngokushaya uMbandlwa? (2)

4.4 Yini eyenza ukuthi uMaShezi ashintshe umqondo mayelana nokuthi uDuma athathise enkosini uma ezoba nomhlangano? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

4.5 Sizathu sini esenza ukuthi umlingiswa onguDuma ayobonana nezikhulu zikaHulumeni eMgungundlovu? (2)

4.6 Nikeza izenzo ezifanayo phakathi kukaMaShezi noMaNgema. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

4.7 Fingqa isigameko sengxabano phakathi kukaMbandlwa noDlamini ngesikhathi kunomhlangano womphakathi kulo mdlalo. (2)

4.8 Lo mdlalo umayelana nokushayisana phakathi kwentando yeningi kanye nobukhosi bendabuko. Sekela lo mbono ngephuzu ELILODWA. (2)

4.9 Chaza ukuthi le ndaba yenzeka ngasiphi isikhathi ngokwesizinda bese wesekela ngephuzu ELILODWA ubhekise kumlingiswa onguDuma. (2)

4.10 Ibaluleke ngani inkulumo-mpendulwano encwadini engumdlalo njengalena esihloko sithi, 'Ababulali Benyathi'? (2)

4.11 Kuyiqiniso yini ukuthi uMfundisi uMazongolo ungummeleli kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA H

*(Kuzwakale abantu behhomuzela phandle)*

DUMA: Mbandlwa, sebekhona abantu lapha ngaphandle. Awubatshele bangene.

MBANDLWA: *(Asukume aqonde emnyango)* Bakwethu! Bakwethu, ngenani bo! Ikhansela selimi ngomumo. *(Abuyele etafuleni. Nabantu bangene kodwa bayidlanzana nje.)*

DUMA: *(Asukume)* Ngiyanibingelela bakwethu! *(Bavume abantu)* Sekuyiso isikhathi lesi sokuqala umhlangano. **Oyingqophamlando.** Besicela uMbandlwa asivulele ngomthandazo.

MBANDLWA: *(Asukume nabantu basukume)* Masivaleni amehlo. Baba oseZulwini, siyabonga ngokusivikela silele ebusuku. Uphinde usinike amandla nomdlandla wokusukumela izinto ezizosithuthukisa. Manje-ke Baba wethu sisize ngomoya wakho oyiNgcwele ukuze sikwazi ukubonisana ngomoya omuhle. Baba hlehlisa amadimoni angasihlasela. Konke lokhu sikucela ngegama leNkosi uJesu Kristu, Amen.

ABANTU: Amen! *(Bahlale phansi)*

DUMA: *(Ashaye izandla)* Ngicela nizishayele izandla ngokuphumelela kwenu ukufika kulo mhlangano. *(Bashaye izandla abantu)* Siyabonga ngomthandazo kuwe Mbandlwa. Phela ngeke senze lutho oluhle uma uJehova singamceli ukuba ahlanganyele nathi kukho konke esikwenzayo. Ngiyanibingelela-ke bakwethu! *(Bavume abantu)* Bakwethu! Sengethemba ukuthi abanye abantu basendleleni. Sebeyofika sesiqalile. Phela akufanele silinde ukuhlwa. *(Athule kancane)* Cishe ngakhohlwa! Bakwethu! Lona oseduze kwami ngunobhala wami umnumzane Mbandlwa.

*(Phandle kuzwakale amazwi amadoda ahlabelelayo. Abuye asho nesiqubulo.)*

DUMA: Nampa abanye beze ngezinkani emhlanganweni wentuthuko. *(Aqondise kuMbandlwa)* Mfowethu batshele bangene kuleli kilasi.

4.12 Ngokwalesi siqeshana, unobhala wekhansela wawuvula kanjani umhlangano? (1)

4.13 Lisho ukuthini leli gama elibhalwe ngokugqamile njengoba lisetshenzisiwe kulesi siqeshana esingenhla? **Okuyingqophamlando.** (1)

4.14 Chaza ukuthi ubudlelwane obungebuhle phakathi kukaDuma noShandu buyithuthukisa kanjani indikimba yalo mdlalo. (2)

4.15 Bhala imbangela yokuthi kufike abantu abayidlanzana emhlanganweni owawubizwe yikhansela. (2)

4.16 Chaza ukuthi kungani sithi uMbandlwa ungumlingiswa okholekayo kulo mdlalo. (2)

4.17 Ngokucabanga kwakho kwakuyoba yisenzo esihle yini ukuthi uMaShezi afake isehlukaniso nomyeni wakhe uDuma uma engazimisele ukwakha uxolo neNkosi uShandu? Sekela impendulo yakho. (2)

4.18 Uyagculiseka/uyaneliseka yini ngesixazululo sezinkinga esitholakala esiphethweni salo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

4.19 Xoxa ngokuphumelela kombhali ukusivezela izizathu ezenza ukuthi inkantolo imthole emsulwa/engenacala uDlamini ecaleni lokushaya uMbandlwa. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
**[35]**

**UMBUZO 5: *ICALA KALIBOLI* – VM Mbhele**

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-I no-J) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA I**

*(KukwaMaNsibande. Kusanda kungena uSonto noNhleko)*

MANSIBANDE: *(Ngokumangala)* Sanibonani Sonto, kwenzenjani? Wafika nabantu boMthetho?

NHLEKO: Ungethuki Nkosikazi. Mina ngingumseshi uNhleko. Kasizile ngobubi. Sidinga usizo lwakho nje, esethemba ukuthi sizoluthola.

MANSIBANDE: *(Esathukile)* Mina nginguMaNsibande. Kwenzenjani?

NHLEKO: Siyadabuka ukukwazisa ukuthi uMfundisi uZondo uhlaselwe, utholakale edutshuliwe, njengamanje ulimele kakhulu esibhedlela.

MANSIBANDE: *(Ethwala izandla ekhanda)* Hawu! Hawu! Ngomfundisi Nkosi yami woneni nje, kubani?

NHLEKO: *(Ngezwi elinozwelo)* Nathi sizwe ubuhlungu nkosikazi. Impela siyadabuka, sizwelana nani.

MANSIBANDE: *(Esula izinyembezi emehlweni)* Kodwa ngoMfundisi pho!

SONTO: Nami ivele nje yangethusa le ndaba ntombi.

MANSIBANDE: Hawu! Kodwa ubangiswani uMfundisi? Kanti banjani abantu emhlabeni bakithi? Bambulala ebe enzeni nje uMfundisi?

NHLEKO: Kusolakala sengathi kumayelana nemali ngoba kukhona etholakale endlini lapho edutshulelwe khona uMfundisi.

MANSIBANDE: Washo ngabona, kade befuna imali yomnikelo. Kodwa beyazelaphi ngoba indaba yemali ibi phakathi kwethu sobathathu?

NHLEKO: E, ngizodinga usizo lwakho-ke dadewethu. *(Ekhipha ibhukwana)* Ngingakubuza imibuzo embalwa?

MANSIBANDE: Yebo, ayikho inkinga.

NHLEKO: Umgcine nini uMfundisi?

MANSIBANDE: Izolo ntambama.

NHLEKO: Bekungaba ngubani isikhathi?

MANSIBANDE: *(Elokhu esula izinyembezi)* Bese ligamenxile ihora lesikhombisa.

NHLEKO: Ingabe ukhona yini umuntu enimgibelisile endleleni?

MANSIBANDE: Cha, impela akekho.

NHLEKO: Kuyiqiniso ukuthi ngenkathi nigcinana nobathathu benikade nibala imali yomnikelo negcine ihambe noMfundisi?

MANSIBANDE: Yebo kuyiqiniso.

5.1 Bakuphi laba abaxoxayo? (1)

5.2 Ngubani ongumseshi phakathi kwalaba abaxoxayo kulesi siqeshana? (1)

5.3 Yini eyadala ukuthi uZinhle agcine esehlala kwagogo wakhe? (2)

5.4 Yini eyenza ukuthi uSonto agcine eseshintshe umqondo ngokuhamba nabantu ababeyolanda umfundisi esibhedlela? (2)

5.5 Sizathu sini esenza ukuthi umlingiswa onguMbhele ayobonana nommeli uNtshangase emva kokuxoxa nomakhelwane wakhe uDlamini? (2)

5.6 Nikeza izenzo ezifanayo phakathi kukaMthofi noToronto. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

5.7 Fingqa isigameko sengxabano phakathi kukaSonto noNhleko kulo mdlalo ngesikhathi uSonto ezobona umfundisi esibhedlela. (2)

5.8 Lo mdlalo umayelana nomona nokungathembeki kwezothando. Sekela lo mbono ngephuzu ELILODWA. (2)

5.9 Chaza ukuthi le ndaba yenzeka ngasiphi isikhathi ngokwesizinda bese wesekela ngephuzu ELILODWA ubhekise kumlingiswa onguZinhle. (2)

5.10 Ibaluleke ngani inkulumo-mpendulwano encwadini engumdlalo njengalena esihloko sithi, 'Icala Kaliboli'? (2)

5.11 Kuyiqiniso yini ukuthi uMaMkhize ungummeleli kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA J**

*(Kusemahhovisi abameli ngakusasa. UMbhele uze kummeli wakhe uNtshangase ngodaba lwezinto okuthiwa zenzeka emzini wakhe.)*

NTSHANGASE: Luyathusa-ke lolu daba ongizela nalo Mphemba. Ingozi le mfo kaMbhele.
MBHELE: Eyi, nami kayingikhululi neze le ndaba. Kungenzeka yini ukuthi umkami wakha amacebo okungibulala?
NTSHANGASE: Noma singeke sasho kugcwale umlomo kodwa kuyenzeka ebantwini abaningi. Baningi abafowethu sibangcwaba bebulawe amakhosikazi.
MBHELE: Kungaba yisiphi isizathu esenza unkosikazi wami afune ngife?
NTSHANGASE: Ziningi izizathu. Kungaba indaba yamafa noma usethole isoka elisha.
MBHELE: Vele umkami angisamtholi kahle.
NTSHANGASE: Ngandlelani Mbhele?
MBHELE: Kwenzeka izinto eziningi emzini wami kodwa umkami akangitsheli ngazo.
NTSHANGASE: Ziphi izinto? Wangithusa manje Mphemba.
MBHELE: Kulezi zinsuku **uphenywa** ngamaphoyisa angangitsheli njengoba sengikutshelile nokuthi emzini wami kuthiwa kufika izigebengu nezibhamu emini kwabha.
NTSHANGASE: Impela le nto isho okuthile.
MBHELE: Okungisolisayo kakhulu manje usuku ebengingalunakile.
NTSHANGASE: Ukhuluma ngaluphi usuku mfowethu?
MBHELE: Kunosuku umkami athi uyobona ngalo unina, uyagula.
NTSHANGASE: Yini engasolisa ngomuntu oyobona unina uma egula?
MBHELE: Okudidayo ukuthi wabuya phakathi nobusuku ethi unina ubengaguli, bebedlala ngaye nje ngoba befuna ukumbona. Uma ngimbuza ukuthi yini engasalanga eselala wathi akuvumanga.
NTSHANGASE: Namanje angikatholi Mphemba ukuthi ufuna ukuthini ngalolo suku.
MBHELE: Okungixakayo ukuthi uma ngabe wayengayanga kubo, ngabe wayekuphi?
NTSHANGASE: Kukhona yini okusolayo?

5.12 Ngokwalesi siqeshana kungani uMbhele engabaza ukwethembeka komkakhe? (1)

5.13 Lisho ukuthini leli gama elibhalwe ngokugqamile kulesi siqeshana esingenhla ngendlela elisetshenzisiwe ngayo?

Kulezi zinsuku **uphenywa** ngamaphoyisa … (1)

5.14 Chaza ukuthi ubudlelwane obungebuhle phakathi kukaSonto noMthofi buyithuthukisa kanjani indikimba yalo mdlalo. (2)

5.15 Bhala imbangela yokuthi uSonto angamvakasheli uMthofi ngesikhathi eboshiwe. (2)

5.16 Chaza ukuthi kungani sithi umfundisi ungumlingiswa okholekayo kulo mdlalo. (2)

5.17 Ngokucabanga kwakho kwakuyoba yisenzo esihle yini ukuthi uMbhele afake isehlukaniso nomkakhe uSonto ngesikhathi ebona oMthofi noToronto bezongena emzini wakhe? Sekela impendulo yakho. (2)

5.18 Uyagculiseka/uyaneliseka yini ngesixazululo sezinkinga esitholakala esiphethweni salo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

5.19 Xoxa ngokuphumelela kombhali ukusivezela izizathu ezenza ukuthi uMaNsibande abe ngumsolwa omkhulu ecaleni lokudutshulwa kukamfundisi. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
**[35]**

**UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI (u-K no-L) ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA K**

*(Kungasesitolo. UDumisani uhlangana noThenjiwe ehamba noSipho.)*

SIPHO: Washo-ke ukuthi kanti emzini ubuyiswe inkinga enjalo.
THENJIWE: Angibuyile unomphela njalo. Kukhona abathi basafuna ukungichazela khona.
SIPHO: Yini le okufuneka ichazwe usekhona?
THENJIWE: Izinkinga zamasiko Sipho. Emva kokushona kukaSikhumbuzo phela, emzini bathi angigane umfowabo omncane.
SIPHO: Kahle wena?
THENJIWE: Ngempela.
SIPHO: Bazi kanjani ukuthi nizothandana?
THENJIWE: Bavele bathi yisiko. Ngenqaba-ke mina. Bathi angize ekhaya-ke ukuze ngelulekwe.
SIPHO: Kodwa yena lowo mfowabo uyakuthanda uma ubuka?
THENJIWE: Ubengangithandi yena kodwa muva nje, ngibona sengathi usenzela abazali bakhe. Ngisafuna ukumbona ngimtshele ukuthi akakhohlwe yimi.
SIPHO: Kodwa yena angajabula kanjani esedla ngandoda engeshelanga.
THENJIWE: Kusho ukuthi isishimane phela. *(Ahleke)* Uyazi yini Sipho. Sengimzonda kabi lowo mfana. Ngicabanga ngisho ukumenza kabi inkosi impela.
SIPHO: Kuyofuneka umtshele ukuthi awumfuni nje kwaphela.
THENJIWE: *(Athi ukuma abukisise phambili)* Sengathi uyena nje uDumisani loya?
SIPHO: Uphi?
THENJIWE: Kulaba bantu abaseduze kwendlu. *(Akhombe)* Uyena nanti iyembe lakhe eliluhlaza.
SIPHO: Uzokwenzenjani manje?
THENJIWE: Angizukwenza lutho.
SIPHO: Uma ekubiza?
THENJIWE: Angalokotha?
SIPHO: Mhlawumbe uzofuna wena lapha esitolo. Yini asuke kude kangaka aze azofika kulesi sitolo sangakini?
THENJIWE: Ngabe uyahlanya. *(Bahambe baze bangene esitolo. Uma bephuma bazithele kuDumisani.)*

6.1 Bakuphi laba abaxoxayo? (1)

6.2 Ngokwalesi siqeshana ngubani ofuna ukungena uThenjiwe? (1)

6.3 Yini eyadala ukuthi uMondise athi kuNondumiso angabe esalubeka/esaya kubo lapho ezalwa khona? (2)

6.4 Yini le abazali bakaThenjiwe okumele bamchazele yona njengoba esabuye okwesikhashana emzini? (2)

6.5 Sizathu sini esenza ukuthi umlingiswa onguThenjiwe angakujabuleli ukuhlala emzini emva kokushona komyeni wakhe? (2)

6.6 Nikeza izenzo ezifanayo phakathi kukaNondumiso noGugu. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

6.7 Fingqa isigameko sengxabano phakathi kukaSipho noDumisani kulo mdlalo. (2)

6.8 Lo mdlalo umayelana nokushayisana phakathi kwesiko nelungelo. Sekela lo mbono ngephuzu ELILODWA. (2)

6.9 Chaza ukuthi le ndaba yenzeka ngasiphi isikhathi ngokwesizinda bese wesekela ngephuzu ELILODWA ubhekise kumlingiswa onguThenjiwe. (2)

6.10 Ibaluleke ngani inkulumo-mpendulwano encwadini engumdlalo njengalena esihloko sithi, 'Isiko Nelungelo'? (2)

6.11 Kuyiqiniso yini ukuthi uMondise ungummeleli kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA L**

MAMBATHA: *(Ebalisa)* Yeka ngengane yami. Nokwenza isisele iyodwa vo.
MONDISE: Iyiphi-ke leyo ngane?
MAMBATHA: *(Ekhala)* UDumisani. *(Hhi ... hhi)* zimgwazile izigebengu zikamakoti. *(Hi … hhi)*
MONDISE: Umakoti waphi?
MAMBATHA: Yena *(hhi ... hhi)* lo. *(Akhombe uThenjiwe)*
MAMKHIZE: Zimgwaza kuphi? Nini? Hhawu weSimakade! Uyaphila?
MONDISE: Kahle ngemibuzo eminingi kangaka. Ngeke siluzwe kahle udaba. Ugwazwe ubani uDumisani?
MAMBATHA: *(Hhi ... hhi)* **Isoka** likaThenjiwe *(Hhi ...)*
THENJIWE: Hhayi bo! Anginasoka mina. *(Ethukile)*
MONDISE: Kodwa yini le oyenzayo Thenjiwe? Usuhambe wafuna abantu ukuba bagwaze umfowabo kamkhwenyana? Khona ungamfuni usungambulala pho?
MAMKHIZE: Hhawu Sebawoti. Kanti umuntu uyophumula nini emhlabeni? Ushonile yini umfana?
MAMBATHA: Usesi ... bhe ... dlela. Ugulela ukufa. Bamlalele endleleni.
THENJIWE: Bakwethu, akalalelwanga endleleni. Bekula ...
MONDISE: *(Ngolaka)* Usenesibindi sokukhuluma usubulele umuntu? Lunga kuyobonwa lo muntu ofayo.
MAMKHIZE: Ugwazwa yiyo intokazi njalo?
MAMBATHA: Kusobala ukuthi yisoka layo. Sengiyabona ukuthi ilwa kangaka nje nesiko le ngane isizitholele ezomgana.
THENJIWE: Anginasoka mina. Akukho *(akhale)* muntu engizomgana. UDumisani ulimale uSipho engivikela.
MAMBATHA: Kade ngezwa mina ngalo Sipho. Cishe yafa ingane yami.
MONDISE: Ngithe lunga wena kuyobonwa isiguli. Lo Sipho wakho ngifuna amangalelwe athole isigwebo esinzima.
THENJIWE: Mina uDumisani ubengibamba *(akhale)* ngenkani.

6.12 NgokukaMaMbatha kulesi siqeshana ngobani/ngubani ogwaze uDumisani? (1)

6.13 Lichazani leli gama elibhalwe ngokugqamile kulesi siqeshana ngendlela elisetshenziswe ngayo?

**Isoka** likaThenjiwe. (1)

6.14 Chaza ukuthi ubudlelwane obungebuhle phakathi kukaThenjiwe noMaMbatha buyithuthukisa kanjani indikimba yalo mdlalo. (2)

6.15 Bhala imbangela yokuthi uMondise ahambisane naleli siko lokungenwa okwakuphoqelelwa ngalo uThenjiwe. (2)

6.16 Chaza ukuthi kungani sithi uThabi ungumlingiswa okholekayo kulo mdlalo. (2)

6.17 Ngokucabanga kwakho kwakuyisenzo esihle yini ukuthi uMondise aphoqelele indodakazi yakhe uThenjiwe ukuthi ivume ukungenwa uDumisani? Sekela impendulo yakho. (2)

6.18 Uyagculiseka/uyaneliseka yini ngesixazululo sezinkinga esitholakala esiphethweni salo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

6.19 Xoxa ngokuphumelela kombhali ukusivezela izizathu ezenza ukuthi uDumisani aqale abe nokungabaza ukungena uThenjiwe. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE

***IZINYEMBEZI ZOTHANDO*** **– DBZ Ntuli (Umhleli)**

Kulesi siqephu phendula YOMIBILI imibuzo: UMBUZO 7.1 NOMBUZO 7.2.

### UMBUZO 7

7.1 **'ILOBOLO' – Scelo Zimema**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA M**

'Uthi ufuna ukuthi sibonisane? Yena abonisane nami?'
'Impela. Usho kanjalo ngenkathi engishayele ucingo.'
'Ufunani? Yini le athi ufuna ukuthi sibonisane ngayo? Angangitsheli ukuthi angimngcwabele ingane yakhe mina. Ngeke ngiyenze leyo nto.' UMandlenkosi lowo ebanga omkhulu umsindo. Umunyu nokuthukuthela kuhlangene kuyena kokubili.
'Yehlisa umoya Ndodana,' kuncenga uyise.
'Baba, ngithi ngeke ngikhiphe ngisho isenti. Kufanele izibonele leya ndoda ukuthi yenzenjani. Ingiphathe kabi. Kufanele izingcwabele yona ingane yayo. Angingeni ndawo mina.'
'Mandlenkosi, ngeke ukubalekele ukuthi kade sekuwumfazi wakho lowaya, Mntanami,' kusho unina. 'Kufanele umelekelele umukhwe wakho uma ecela usizo. Kufanele umngcwabe umakoti wakho Mntanami.'
'Kuphi?'
Awu, umbuzo onjani futhi lo? Konje uzophendula athini unina? Ukuba kusedolobheni, akufani nasemakhaya lapho kufihlelwa emakhaya. Indida wukuthi umukhwe ubengakayikhululi indodakazi yakhe.
'Cha, Ndodana, umama wakho akaqonde khona ukuthi kufanele umlande uzomngcwabela lapha ekhaya. Ngeke kuze kube njalo ngokubona kwami. Aqonde ukukusho wukuthi wena kufanele welekelele umukhwe wakho phela.'
'Baba, ngeke ngize ngimelekelele umuntu ongazange afune ukubambisana nathi. Ngizoze ngimelekelele ngoba ngincengeni kuyena?'
'Usungasale sewenza ubuntu phela Mntanami ngoba vele **sase sibuphembile** ubuhlobo,' kusho unina.

7.1.1 Yini le umukhwe kaMandlenkosi afuna babonisane ngayo? (1)

7.1.2 Yisiphi isizathu esenza uMandlenkosi angafuni ukubonisana nomukhwe wakhe? (1)

7.1.3 Bhala umusho okulesi siqeshana ositshela ukuthi umama kaMandlenkosi wayefisa ukuthi indodana yakhe imsize umukhwe wayo kule nkinga ayebhekene nayo. (1)

7.1.4 Chaza kafushane ukuthi yashona kanjani ingoduso kaMandlenkosi. (2)

7.1.5 Ngokwale ndaba emfushane yini le okuthiwa umukhwe kaMandlenkosi wayeqhosha ngayo? (2)

7.1.6 Indaba emfushane kuyancomeka ukuba ibe nesingeniso esifushane/esiqoqekile. Chaza ukuthi ufezekile yini lo mgomo kule ndaba. (2)

7.1.7 Ukwazile yini umbhali ukulandela umgomo wendaba emfushane omayelana nokuqoqeka kwendawo? Sekela impendulo yakho. (2)

7.1.8 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile njengoba sisetshenzisiwe kulesi siqeshana esingenhla.

... Mntanami ngoba vele **sase sibuphembile** … (2)

7.1.9 Ukuba wena wawunguMandlenkosi wawuyomsiza yini umukhwe wakho uma ekucela ukuthi umsize ekungcwabeni indodakazi yakhe? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

7.1.10 Phawula ngendlela umbhali asebenzise ngayo ulimi kule ndaba emfushane. Bhekisa ekuqoqekeni/ukungathemelezi lapho echaza izinto. (2)

**KANYE**

7.2 **'LAPHO KUKHONA UTHANDO' – NE Mbesa**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA N**

Lathi liyoshona ilanga, sasishosholoza kwezikude izinkalo lezi. Usuzwa nangomoya ukuthi amanye amazwe esesiguduza kuwo manje. Sekulalwa, behlukaniswa. Abesilisa bakhishelwa kwenye indlu, kodwa bethenjiswa ukuthi kuzothi kungasa babuye baqhubeke nokuhlalisana ndawonye. Noma sekulalwa ubukwitikwiti. USebenzile yena akalalanga uthando lwesoka lakhe abazobe bebonana okokuqala ngqa nalo. Pho esithombeni akunsizwa inyakanyaka! Nalelo lizwi layo mhla elizwa ocingweni okokuqala ungafunga uthi uyalizwa namanje. Sengathi uyayizwa mhla bexoxa okokugcina isithi, 'Sesiyobonana khona-ke ehhotela Sithandwa sami. Sengilungise yonke into. Angisakwazi ukulinda.'

Ekuseni baphinde bahlale njengoba bebehleli izolo. Lapho ebuyekeza inkulumo yesoka lakhe uSebenzile amane amoyizele yedwa, ephenduphendula izandla zakhe. Le nsizwa eyazi isiZulu imane imuthi jejemuzi. Phela uthi angakhathala ukufunda akhiphe izithombe zesoka lakhe. AmaShona namaNdebele awanasizungu wona ngoba ayazixoxela. Nayo le nsizwa ayimshiyi isikhathi eside. Akukubi neze. Imini yonke badamane bekhwelela imiphako uma sebelambile. Babuye baphume balunguze ngamafasitela lapho sishosholoza sishiya izihlahla nemfuyo ngemuva. Uthe ebona base beqala ukunyakaza. Kukhona okuke kwashiwo ugadi. Habe! Usho ukuthi sebeyasondela lapho kuphela khona isitimela.

7.2.1 Wayeyaphi uSebenzile ngalolu suku? (1)

7.2.2 Yiziphi izilimi ezazikhulunywa ngabagibeli ababesesitimeleni? Bhala EZIMBILI. (2)

7.2.3 Yini le eyenza ukuthi uSebenzile angalali ngalobu busuku okukhulunywa ngabo kulesi siqeshana? (2)

7.2.4 Fingqa kafishane izigameko ezaholela ekutheni uSebenzile azithole esephaphama endlini yodaka efulelwe ngotshani. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

7.2.5 Chaza ngengwijikhwebu etholakala kule ndaba emfishane. (2)

7.2.6 Yimuphi umyalezo umbhali awedlulisela emphakathini kule ndaba? (2)

7.2.7 Ucabanga ukuthi yimaphi amalungiselelo enziwa nguSebenzile ngaphambi kokuthatha lolu hambo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

7.2.8 Chaza ukuthi kungani isenzo somlingiswa onguBen/Wanda sokuthola intombi esebenzisa uhlelo lwama*pen pals* singaphephile esikhathini samanje. (2)

7.2.9 Uyavumelana yini nokuthi umbhali usethulele kahle indikimba yale ndaba emfushane? Sekela ngokubhala indikimba bese uyichaza ngephuzu ELILODWA. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

***AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala**

Kulesi siqephu uzophendula YOMIBILI imibuzo: UMBUZO 8.1 NOMBUZO 8.2.

## UMBUZO 8

8.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**Ungumzali Onjani? – DA Hlophe**

Ungumzali onjani?
Odela igazi lakhe
Lichithek'ezindabeni.
Sithi sihlezi sithokozile
Kodwa abesibophel' amanqina enyathi.

Ungumzali onjani?
Onhliziyo yakhe iyitshe
Ongafuni ukusinika
Iwisa nesihlangu
Silwe sivike kudel' umakhasana
Kukhale ingwazi kukikizwe!

Ungumzali onjani?
Ongasingath' amachwane akhe,
Awafak'endleleni eyiyo.
Kuthi lapho kufik' izivunguvungu
Ziwathole ekhuselekile.

Ungumzali onjani?
Ohlal' anethezeke
Ashay'esingeqiwa ntwala
Kodwa ekhaya kudlang' usizi
Izingane zibona ngokusa.

Ungumzali onjani?
Onikwa isikhali sempilo
Ahlabane ngaso imizuzwana
Asitshinge phezulu
Kuqhamuk' iminjunju imtshikitshele.

8.1.1 Yiliphi leli gazi ekhuluma ngalo imbongi emgqeni wesi-2? (1)

8.1.2 Bhala izizathu EZIMBILI ezenza imbongi ikhononde/inganeliswa umzali esigabeni sesi-3. (2)

8.1.3 Tomula imvumelwano etholakala esitanzeni sesi-2, ubhale imigqa ephelele, bese udwebela imvumelwano. Shono ukuthi hlobo luni lwemvumelwano lolo. (2)

8.1.4 Chaza kafushane i-enjambamenti bese utomula isibonelo sayo esitanzeni sesi-2? (3)

8.1.5 Impindwa etholakala enkondlweni iveza muphi umuzwa wembongi? Phendula ngokubhala impindwa, usho umuzwa bese uyasekela. (3)

8.1.6 Bhala elinye igama ongalisebenzisa esikhundleni saleli elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

'**Asitshinge** phezulu' (1)

8.1.7 Ucabanga ukuthi yini okufanele yenziwe ukusiza izingane ezizalwa ngabazali abafana nalo okukhulunywa ngaye kule nkondlo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

8.1.8 Iphumelele kanjani imbongi ukwedlulisa indikimba yayo ngale nkondlo? Bhala indikimba bese uchaza ngamaphuzu AMABILI. (3)

**KANYE**

8.2 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**Kwamfaz'ongemama – FF Mbatha**

Awuthunyelwa gundane
Ngidele konke ngayokwenda,
Ngidel' ikhaya likababa,
Ngadel' izihlobo nabangani,
Ngadela nezinkalo zakithi,
Uze ungilonde Mveli
Kwamfaz'ongemama.

Namuhla ngiqombol' izintaba,
Ngilibangise kwamfaz' ongemama.
Noma ngibangwa nezibi,
Liyophuma lithi
Ngiyatefa ngiyazenzisa,
Uze ungigcine Menzi
Lapho kwanhliziyo ngise.

Noma ngingayisisulu sikamamezala,
Noma angangicakafula angichaphe
Ngelumelayo yodwa,
Ngiyobekezela ngizithobe.
Mntanomuntu ngibekezele,
Ngigcine yonk' eyasemshadweni.
Uz' ube yisihlangu sami Baba,
Lapho kwamfaz' ongemama.
Konke kwenzeka samlingo,
Nokho lolu thando luyithumbil' eyami,
Lolu thando lungishay' indali emajukujukwini,
Ngiyazesaba ezakhona izehlo.
Nokho akusenani
Sengobekezela ngizithobe,
Kwamfaz' ongemama.

8.2.1 Yini engathunyelwa gundane ngokwale nkondlo? (1)

8.2.2 Esitanzeni soku-1 tomula igama elisho ukuyeka noma ukushiya into ethile. (1)

8.2.3 Kungani imbongi imbiza ngomfaz' ongemama lo mama eya kwakhe? (2)

8.2.4 Tomula isimo sokukhuluma esisemgqeni we-10 bese unikeza incazelo yaso. (3)

8.2.5 Bhala isibonelo sokuxhumana okutholakala esitanzeni sesi-3, bese uyasidwebela. Bhala imigqa ephelele, usho nokuthi siluhlobo luni. (2)

8.2.6 Imbongi ehaya le nkondlo ibhale njengomuntu wokuqala. Fakazela lesi sitatimende ngokucaphuna enkondlweni. (2)

8.2.7 Chaza ngamaphuzu AMABILI okushiwo yimbongi esigabeni sesi-2. (2)

8.2.8 Hlobo luni lwesifenqo esitholakala emgqeni wama-21? (1)

8.2.9 Ngokucabanga kwakho yikuphi okufakazela ukuthi lo muntu wesifazane usezinikele emendweni? Sekela impendulo yakho. (2)

8.2.10 Uyavumelana yini nokuthi le nkondlo iveza ukuhlukumezeka kwabantu besifazane emendweni? Fakazela lesi sitamende ngalokho okushiwo esigabeni sesi-3. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**